Isifundo 6

**April 29-May 5*

Ukuhluphekela UKristu

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

1 Pet. 1:6, 3:13–22, 2 Tim. 3:12, 1 Pet. 4:12–14, Samb. 12:17, 1 Pet. 4:17–19

Indimana Yekhanda:

: “Ngokuba nabizelwa kulokho, ngokuba uKristu wahlushwa ngenxa yethu, esishiyela isibonelo, sokuba silandele ezinyathelweni Zakhe” (1 Petro 2:21, NKJV).

Umlando wokushushiswa kwamaKristu eminiyaka yekhulu yokuqala waziwa kakhulu.IBhayibheli ngokwalo, ikakhulu incwadi yeZenzo, isinikeza ukhasha kulokho okwakulindele ibandla. Ukushushiswa, kanye nokuhlupheka okuhambisana nako, nembala kuyinto eyiqiniso empilweni yamaKristu ayebhalelwa nguPetro. Esahlukweni sokuqala, uPetro uphawula ukuthi “okwesikhashana, uma kundingeka, nidabukiswe yizinhlupheko eziyizinhlobonhlobo, ukuze ukuqiniseka kokholo lwenu, oluyigugu kunegolide elibhubhayo nakuba luvivinywa ngomlilo, kutholakale ekudumiseni, ekutusweni, nakwinkazimulo ekwembulweni kukaJesu Kristu” (1 Pet. 1:6, 7, NKJV). Ukuphawula kwakhe ngasekugcineni kwencwadi kubhekana nomqondo ofanayo: “Futhi ngemuva kokuhlupheka isikhashana, uNkulunkulu womusa wonke, onibizele enkazimulweni Yakhe yaphakade kuKrsitu,uyakunibuyisela, aniphase, aniqinise, futhi animise” (1 Pet. 5:10, NRSV).

Phakathi kwalencwadi emfushane, evile kwamathathu amavesi akhuluma ngokuhlupheka kwalabo abayifundayo lencwadi (1 Pet. 2:18-25, 3:13-21, 4:12-19). Ngokubuka ke, ukuhlupheka okudalwa yizintshushiso yindikimba enkulu ka-1 Petro, futhi sibheka kuyona manje.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika-May 6.*

Ukushushiswa KwamaKristu Okuqala

Funda u-1 Petro 1:6, 5:10. Yini akhuluma ngayo uPetro, futhi wathi abafundi mababhekane kanjani nalokho okwakubehlela na?

Eminyakeni yamakhulu okuqala, ukuba nje ngumKristu kwakungaba nomphumela wokufa ngesihluku. Incwadi ebhalelwa Umbusi waseRoma u-Trajan iveza ubungozi nokungaphephi kwamaKristu okuqala. Incwadi yayiphuma ku-Pliny, ngalesosikhathi sokubhala wayengumphathi wase-Pontus nase-Bithynia (AD 111-113), izifunda ezimbili ezigagulwe kuPetro 1:1. U-Pliny wayebhalele u-Trajan ecela iseluleko mayelana nokumele akwenze ngabantu ababemangalelwa ngokuba ngamaKristu. Wachaza ukuthi wayebabulele laba ababengafuni ukubuyeka ubuKristu. Abanye ababethe nakuba kuqala babengamaKristu, manje babengasewona. U-Pliny wabavumela ukuba baveze ukuba msulwa kwabo ngokuthi banikele impepho kwizithixo zika-Trajan nakwezinye izithixo futhi bathuke uJesu. Ukukhonza umbusi ophilayo kwakuyinto engavamile eRoma, nakuba empumalanga neRoma lapho u-1 Petro ethunyelwe khona, ababusi babekuvumela futhi bakukhuthaze ukwakhiwa kwamathempeli egameni labo. Amanye alamathempeli ayenabapristi bawo kanye nama-altare emihlatshelo. Ukuze u-Pliny abone ukwethembeka kwamaKristu kuMbuso wayewenza anikele impepho futhi akhonze isithixo sombusi, kulokhu wayelandela umkhuba omdala wase-Asia Minor.

Kwakunezikhathi lapho amaKristu okuqala ayebhekana nengozi enkulu nje ngokuba ngamaKristu. Lokhu kwakunjalo kakhulu phansi kwabaBusi u-Nero (AD 54-68) kanye no-Domitian (AD 81-96). Kepha, ukushushiwa okuvezwa ku-1 Petro kwakusendaweni. Izibonelo zalokhu kushushiswa akhuluma ngako u-Petro zimbalwa encwadini, kodwa mhlawumbe zifaka izimangalo zamanga (1 Pet. 2:12) kanye nokijivazwa nokuhlazwa (1 Pet. 3:9, 4:14). Nakuba izinhlupheko zinqala, azibonakali zingumphumela wokuboshwa nokubulawa okudlangile, okungenani ngalesosikhathi. Nakuba kunjalo, ukuphila njengomKristu kwakubeka amakholwa engozini yokumelana nabathile ababalulekile bomphakathi wokuqala, futhi babengahlupheka ngenxa yezinkolo zabo. Ngalokho, uPetro wayekhulumisana nokukhathazeka okukhulu ngenkathi ebhala lencwadi yokuqala.

Ukuhlupheka Nesibonelo SikaKristu

Funda u-1 Petro 3:13-22. AmaKristu kumele aphendule kanjani kulabo abawahluphayo ngenxa yenkolo yawo na? Kuxhumana kanjani ukuhlupheka kukaJesu kanye nokuhlupheka kwamakholwa ngenxa yenkolo yawo na?

Uma uPetro ethi, “uma nihluphekela ukulunga, nibusisiwe” (1 Pet. 3:14, NKJV), uphinda nje amazwi kaJesu: “ ‘Babusisiwe labo abahlupheka ngenxa yokulunga’ ” (Mat. 5:10, NKJV). Ube esethi amaKristu akumele esabe labo abababahlaselayo, kodwa kumele besabe uKristu njengeNkosi ezinhliziyweni zabo (1 Pet. 3:15). Lokhu kuqinisekisa uJesu ezinhliziyweni zabo kuzosiza ekususeni ukwesaba ababhekana nako kulaba abamelene nabo. Ube esencoma ukuthi amaKristu kumele ngasosonke isikhathi akwazi ukuchaza ithemba analo, kodwa akwenze lokhu ngendlela enobizo—ngobumnene nangokwesaba (“ukwesaba” kuhumushwa ngeloku “hlonipha”; bheka u-1 Pet. 3:15, 16).

UPetro uqinisa ngokuthi amaKristu kumele aqiniseke ngokuthi awanikezi abanye isizathu sokubamangalela. Kumele abe nonembeza omsulwa (1 Per. 3:16). Lokhu kusemqoka, ngoba labo ababemangalela amaKristu bazokuhlazeka ngenxa yempilo engenasici yomKristu omangalelwayo. Ngokusobala, awukho umvuzo wokuhlupheka ngokuba ngonephutha (1 Pet. 3:17). Kungukuhluphekela ukulunga, nokwenza okulungileyo, okwenza umehluko omkhulu. “Ngokuba kungcono, uma kuyintando kaNkulunkulu, ukuhluphekela ukwenza okulungileyo kunokwenza okubi” (1 Pet.3:17, NKJV).

UPetro usebenzisa isibonelo sikaJesu. UKristu ngoKwakhe wahluphekela ukulunga Kwakhe; ubungcwele kanye nobumsulwa bempilo Yakhe kwaba yisixwayiso esimile kulabo ababemzonda Yena. Uma kukhona owahluphekela ukulunga hhayi okubi, nguJesu. Kodwa ukuhlupheka Kwakhe kwaletha okuyiyona kuphela indela yosindiso. Wafa esikhundleni sezoni (“olungile ngabangalugile,” 1 Pet. 3:18), ukuze labo abakholwayo Kuye babe nesithembiso sokuphila okungunaphakade.

Usuke wahlupheka, hhayi ngoba wenze okubi, kodwa ngenxa yokwenza okulungile na? Aba yini amava akho, futhi wafundani ngokuba ngumKrsitu kanye nokuveza isimilo sikaNkulunkulu na?

Ukuhlupheka Okushisayo

Funda u-1 Petro 4:12-14. Kungani uPetro ethi akumele ukuhlupheka kwabo kubethuse na? Buka futhi u-2 Tim. 3:12, John 15:18.

UPetro ukubeka obala ukuthi ukushushiswa ngenxa yokuba ngumKristu kungukuba nengexenye ekuhluphekeni kukaKristu. Kumele sikulindele lokho. Njengalokhu uPawule abhala: :Yebo, futhi bonke ebafisa ukuphila ngobunkulunkulu kuKristu Jesu bazoshushiswa" (2 Tim. 3:13, NKJV). UjESU WAXWAYISA ABALANDELI Bakhe ngalokho ababezobhekana nako: " 'Lapho-ke bayakunikhaphela osizini banibulale; futhi niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yegama Lami. Khona-ke abaningi bayakukhubeka, bakhaphelane, futhi bazondane' " (Mat. 24:9, 10, NKJV). Ngokuka Ellen G. White: "Kuyoba njalo-ke kulabo abaphila ubunkulunkulu kuKristu Jesu. Izintshushiso kanye nokunengwa kubalindele bonke abagcwaliswe ngoMoya kaKristu. Isimilo sentshushiso siyaguquka ngokwezikhathi, kepha isimo—umoya oyisisekelo sako—uyafana naloyo osubulale abakhethiwe beNkosi kusukela ngezinsuku zika-Abel."—*The Acts of the Apostles*, p. 576.

Funda iSambulo 12:17. Sithini ngokuqiniseka kokushushiswa kwamaKrsitu ezinsukwini zokugcina na?

Ngokungathandabuzi, kumKristu owethembekile, ukushushiswa kungaba yinto ekhona zikhathi zonke, okuyilokho uPetro akhuluma ngakho lapha ekuxwayiseni abafundi mayelana "nokuhlupheka okushisayo" ababebhekene nako. Umlilo kwakuyisingathekiso esifanele. Umlilo uyabhubhisa, kepha uyakwazi futhi ukususa ukungcola. Kuya ngokuthi yini eshiswayo. Izindlu ziyabhubhiswa ngumlilo; isiliva negolile ziyacolisiswa ngumlilo. Nakuba othile kungamele azilethele ukushushiswa ngamabomu, uNkulunkulu angaveza okuhle kukho. Ngalokho, uPetro utshela abafundi (kanye nathi): yebo, ukushushiswa kubi, kepha ningadikibali sengathi yinto engalindelekile. Qhubekani ngokholo.

Yini esingayenza ukuphakamisa, nokukhuthaza, kanye nokusiza labo abahluphekela ukholo lwabo na?

Ukwahlulela Kanye Nabantu BakaNkulunkulu

Qhathanisa u-1 Petro 4:17-19 noIsaya 10:11,12 kanye noMalakhi 3:1-6. Yini eziyisho ngokufanayo na?

Kuzo zonke lezizahluko, uhlelo lokwahlulela luvezwa luqala kubantu bakaNkulunkulu. UPetro uze ahlanganise ukuhlupheka kwabafunda incwadi yakhe kanye nokwahlulela kukaNkulunkulu. Kuyena, ukuhlupheka amaKristu abhekana nako kungaba ngukwahlulela kukaNkulunkulu, okuqala endlini kaNkulunkulu. "Ngakho-ke makuthi labo abahluphekangokwentando kaNkulunkulu banikele imiphefumolo yabo Kuyena ngokwenza okulungileyo, njengakuMdali othembekile" (1 Pet. 4:19, NKJV).

Funda uLuka 18:1-8. Lokhu kusisiza kanjani ukuba siqonde ukwahlulela kukaNkulunkulu na?

Ngezikhathi zebhayibhei, ukwahlulela kwakuyinto eyayilangazelelwa kakhulu. Umfanekiso womfelokazi kuLuka 18:1-8 uveza okubanzi ngokwahlulela. Umfelokazi uyazi ukuthi uzophumelela kuphela uma kungaba khona umahluleli ophatha udaba lwakhe. Akanayo imali elingene futhi nezinga lakhe lenza udaba lwakhe lungabaluleki, kodwa ekugcineni wenza umahluleli ukuba amuzwe futhi amnike lokho okumfanele. Njengoba uJesu esho, "Angeke yini uNkulunkulu aphindiselele abakhethiwe Bakhe, abakhala Kuye emini nasebusuku na?" (Luka 18:7, NKJV). Isono silethe ububi emhlabeni, futhi abantu bakaNkulunkulu kuwo wonke umlando balinde ukuba uNkulunkulu alungise izinto futhi. " 'Ngubani ongekwesabe Wena, Jehova, futhi adumise igama Lakho na? Ngokuba Nguwe kuphela ongcwele. Ngokuba zonke izizwe zizokuza futhi zikhonza phambi Kwakho, ngokuba ukwahlulela kwako kubonakele' " (Samb. 15:4, NKJV).

Cabanga ngabo bonke ababi kulomhlaba obungajeziswa. Kungani-ke, lomqondo wokulungisiswa, kanye nokwahlulela okulungile kukaNkulunkulu, kusemqoka kithina maKristu na? Themba lini olithola kwisithembiso sokuthi ukulunga kuzokwenzeka na?

Ukholo Phakathi Kokuhlupheka

Njengoba sesibonile, uPetro wayebhalela amakholwa ayehlupheka ngenxa yenkolo yawo. Futhi umlando wobuKristu uvezile, ukuthi izinto zabazimbi kakhulu, okwesikhashana. Ngokuqinisekile amaKristu amaningi eminyakeni elandelayo athole induduzo kulokho okwalotshwa nguPetro. Nakanjalo nathi. Kuhlushekelwani na? Lokho, nembala, ngumbuzo omdala. Incwai kaJobe, enye yezincwadi zokuqala zeBhayibheli, inendikimba yokuhlupheka. Nembala, uma kukhona omunye (ngaphandle kukaJesu) owahlupheka hhayi njengo "mbulali, isela, noma umenzi wokubi, noma othanda izindaba zabantu" (1 Pet. 4:15, NKJV), kwakunguJobe. NoNkulunkulu uthi ngoJobe: " 'Uyibonile inceku Yami uJobe, ukuthi akekho ofana naye emhlabeni, indoda eqotho nemsulwa, eyesaba uNkulunkulu futhi igweme ububi na?' " (Jobe 1:8. NKJV). Kepha, bheka konke uJobe abhekana nako, hhayi ngoba wayemubi, kepha ngoba wayelungile!

Leizizndimana **zisiza kanjani ekuphendule umbuzo wokudabuka kokuhlupheka na? 1 Pet. 5:8, Samb. 12:9, Samb. 2:10.**

Impendulo emfushane ngukuthi sihlupheka ngoba siphakathi kwempikiswano enkulu phakathi kukaKristu noSathane. Lokhu akusona nje isingathekiso, noma uphawu nje lokulunga nobubi ezimpilweni zethu. KunoSathane wangempela kanye noJesu wangempela abalwa impi yangempela ngesintu.

Funda **u-1 Petro 4:19. Lokhu uPetro akubhala kungasisiza kanjani kulokho esishikashikana nako na?**

Lapho sihlupheka, ikakhulu uma lokho kuhlupheka kungewona umphumela wokwenza kwethu okubi, sivama ukubuza umbuzo owabuzwa nguJobe, ngokuphinda phindiwe: Kungani na? Futhi, njengalokhu kuvamile, asibi nayo impendulo. Njengoba noPetro esho, esingakwenza nje kuphela, nakukho ukuhlupheka, ngukunikela imiphefumulo yethu kuNkulunkulu, ngokumethemba Yena, 'Umdali wethu othembekile," futhi siqhubeke "nokwenza okulungileyo" (1 Pet. 4:19, NKJV).

Kungani ukuzazela ngokwakho isimilo sikaNkulunkulu, ukwazi ukulunga kwakhe kanye nokuzazela ngokwakho uthando Lwakhe, kuyinto esemqoka kakhulu kumKristu, ikakhulu lowo ohluphekayo na? Singafunda kanjani ukumazi uNkulunkulu kanye nothando Lwakhe kangcono na?

Cabanga Kabanzi:

Isifundo sangeSonto sikhulume ngokushushiswa amaKristu abhekana nako. Nakhu ukucaphuna okuthe ukuphelela kwencwadi eyabhalelwa umbusi mayelana nokuhlupheka kwamaKristu eminyakeni yamakhulu okuqala: "... indlela engiyisebenzisile ngakulabo okuthiwe kimi bangamaKristu yilena: Ngibabuzile ukuthi bangamaKristu; uma bekuvuma lokho ngiphinde ngababuza okwesibili, ngabesabisa ngokufa; uma bephikelela, ngiye ngathi mababulawe. Nomangabe inkolo yabo ithini, angibanga nakungabaza ngokuthi inkani yabo kumele ijeziswe "Labo abaphikile ukuthi bayiwo, noma bebeyiwo, amaKristu, okuthe baphinda emuva kwami izibongo kuNkunkulunkulu, futhi benza umhlatshelo, ngewayini nangempepho, kumfanekiso wakho, engiyaleze ukuba ulethelwe leyonhloso, kanye nabanye oNkulunkulu, okuthe ekugcineni bamethuka uKristu—okungezona izenzo, okuthiwa, labo abangamaKristu eqiniso bangaphoqwa ukuba bazenze—labo ngibone kukuhle ukuba ngibadedele. Abanye abagagulwe yileyompimpi ekuqaleni abathi bangamaKrsitu, kwathi kamuva baphika; ngeqiniso, bebelandela leyondlela kepha bayishiya, eminyakeni emithathu edlule, abanye eminyakeni eminingi, futhi abanye eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule. Bonke basikhonzile isithixo sakho kanye nemifanekiso yoNkulunkulu, futhi bamethuka uKristu."—*Pliny Letters* (London: William Heinemann, 1915), book 10:96 (vol. 2, pp. 401–403).

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yini amaKristu ayebhekana nayo, njengalokhu kwembulwa yilencwadi na? Yikuphi okuhambisanayo esikubona lapha nokuzokwenzeka ngezinsuku zokugcina njengoba kwembulwe yingelosi yesithathu kuSambulo 14:9-12 na? Lokhu kusitshelani ngenzinto eziyisikelo sempikiswano enkulu na?

2. "Labo abahlonipha umthetho kaNkulunkulu babekwe icala lokuletha ukwahlulela emhlabeni, futhi bazothathwa njengabadale izinto ezesabekayo endalweni kanye nokuxabana nokuphalala kwegazi phakathi kwabantu okugcwalise umhlaba wonke ngosizi. Amandla alethe isixwayiso sokugcina athukuthelise ababi; ulaka lwabo lubhekiswe kubo bonke abamukele lomyalezo, futhi uSathane uzakubenza babe nenzondo enkulu kanye nesihluku."—Ellen G. White, *The Great Controversy*, pp. 614, 615. Nakuba singazi ukuthi lokhu kuzokwenzeka nini, singakulungela kanjani ukubhekena nalokho okuzomelana nenkolo yethu, nakuba lokhu kumelana kuza ngaluphi uhlobo na? Yini esemqoka ekulungiseleni na?

Notes